# UKUTHONYA

Ngiyabonga, kakhulu. Asibe silokhu simile umzuzwana nje manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu senzela umkhuleko. Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, nezinhliziyo zethu, angazi ukuthi bangaki phakathi lapha onesicelo, angasenza saziwe kuNkulunkulu njengoba niphakamisa izandla zenu na? Futhi manje-ke manje nje bamba isicelo sakho njengoba sikhuleka.

2 Baba waseZulwini, sijabula kakhulu kulobubusuku ngalokhu, esinye isikhathi esingeza kuWe ngaso, futhi sibe nalesisiqiniseko ukuthi esikucelayo siyakwemukela, uma sizokholwa ukuthi siyakuthola esikucelayo. Futhi manje, Nkosi, siza ukungakholwa kwethu, ukuze sithi kulobubusuku sikwazi ukuba nalezizinto esizicelayo. Izandla zami, nezandla zabo, siphakeme. Futhi siyakhuleka, Baba, kuWe Oziqondayo izinto esizidingayo. Siphe khona, zona, kithi, Nkosi, kulobubusuku. Sikhulekela inkuthazo, ukuthi uma sikulelihora elikhulu elibanga usizi esikulo, i. . . nezwe esimweni elikuso, sidinga usizo lwaKho olungcwele olukhulu kakhulu, Nkosi. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosikhuthaza ngeZwi laKho, ukuze sazi ukuthi sifanele senze kanjani, ngaphambi nje kokufika kweNkosi uJesu. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Ngijabula kakhulu ukubuya futhi kulobubusuku, nokukhuluma futhi ngeNkosi yethu enomusa kakhulu. Kuhle ukubuyela lapha eLane Tech futhi. Lokhu kucishe impela kufane nokuza ekhaya; ngibe lapha izikhathi eziningi kakhulu. Futhi manje ngiyabona banamaduku amaningi lapha elibekwe phezulu lapha ukuba kukhulekelwe phezu kwawo. Futhi manje, izolo ebusuku, sidingeke ukuba, sivale izinkonzo zethu zokuphilisa zanjalo, sathatha amakhadi ethu nezinto, ngenxa yokuba nezinkonzo eziyidabuli. Niyabo, kuthi ukunithwesa ubunzima impela, ngokuba ne—nenkonzo eyidabuli. Futhi manje impela sizokhulekela lamaduku kulobubusuku, futhi sithemba ukuthi iNkosi izokwenza ngamunye wonke wenu, ngokukholwa okuzokwemukela lokho enikucelile kulezizicelo.

4 Impela siyomkhumbula uMfowethu Mel Johnson kusasa, nalokho kucula okuhle. Ngilithokozela ngempela lelophimbo elihle iNkosi emuphe lona.

5 Futhi manje, kusasa, uma nivakashela lapha, ngizosho kubantu betabernakele, kune. . . nginabanye abangani lapha abavela ezansi eJeffersonville. Ngicabanga ebandleni iPhiladelphia, uMfowethu Mead, umfowethu, ngicabanga

ukuthi banenkonzo lapho. Futhi angazi noma nina, ninayo inkonzo na? Kunenkonzo. Nina, sikhathi sini na? [Omunye uthi, "Ngeleshumi nanye."—Umhl.] Eleshumi nanye nqo, kuzoba nenkonzo lapho. Futhi ngithemba ukuthi ngizobuya cishe ligamenxe elokuqala, noma elesibili, okunye. . . Elesithathu, ngi—ngizoba khona ngelesithathu, elesithathu nqo, bese—bese kuba-ke elesikhombisa futhi kusasa kusihlwa. Ngakho ngempela sifuna ukunimema nonke ngenhliziyo emhlophe ukuba nize ezinkonzweni, uma ningenankonzo ebandleni lenu uqobo.

6 Impela singethande ukunidonsa nidede esikhundleni senu somsebenzi eniwumiselwe, ngoba leyo akusiyo impokophelo yethu. Kungukuzama ukubamba, ikakhulu, labo abangasindisiwe. Labo ongenawo uMoya oNgcwele, futhi u—ukholwa ngempela ukuthi uyaMdinga, futhi manje-ke silapha ukunisiza. Bese-ke kuba abagulayo nabahluphekile, ngani, silapha ukuba sibakhulekele, abavela kuwo onke amabandla. Futhi ubuyele ebandleni lakho, noma ngabe uvelaphi. Uma wemukele uMoya oNgcwele, noma waphiliswa, buyela emuva nobufakazi, utshele abanye. Ngisho nakuba ibandla lakho lingakholelwa kukho, hamba noma kanjani. Uyabo? Lapho, kulula ukudedela ukuKhanya kwakho kukhanye lapho okunenqwaba yo—yokuKhanya, kodwa sifuna ukuKhanya kukhanye lapho kungenakuKhanya khona. Yingaleyonkathi okunikeza khona ukuthonya kwakho okwedlula konke.

7 Futhi ngiyakubonga, Mfowethu Vayle. [UMfowethu Vayle ubesanda kulungisa imayikrofoni, futhi manje uthi, "Yima phezulu *kanje*, sizofanele siyibhekisise."—Umhl.] UMfowethu Vayle ubecabanga ukuthi bebengeke bezwe. Lokho sekungcono na? Awu, kukahle, lokho kuhle.

8 Manje, kulobubusuku, ngaphandle kwenkonzo yokuphilisa, ngiyacabanga, bengifanele ngithi ukuphuma kuse elanyana kulobubusuku. Kade ngi—ngisho, njalo ebusuku, "Ngizozama ukunikhipha cishe ligamenxe elesishiyagalolunye." Futhi sekuthi akusondele kulesosikhathi manje, futhi ngakho, elesishiyagalolunye nqo, cishe ngemizuzu emihlanu yalo. Bese kuthi-ke isikhathi engiqeda ngaso, bese-ke nginibamba kulokhu ukusa cishe amahora amabili, ngizonitshela, mhlawumpe niyobe senikhandlekile futhi nijabule uma sengisuka edolobheni kusasa ebusuku. Kodwa ngifisa sengathi nje bengingazehlisela kulezozingxoxo zemizuzu engamashumi amabili. Kodwa ngizodingeka nje kuphela ngiqhubeke nokukhuluma ngize ngithole ukukhathala, futhi ngiyazi senikhandlekile ngalesosikhathi. Ngakho manje-ke angikutholi neze nje ukuthi ngiqede; ngivele nje ngiyeke bese ngingena, ngiphumule isikhashana.

9 Manje, kulobubusuku, ngifuna niphenye emaBhayibhelini enu, kuIsaya, iNcwadi kaIsaya, i—isahluko 6 sikaIsaya. Futhi

manje singakafundi, besingacela uNkulunkulu ukuba abusise iZwi laKhe noku—kuLenza libe yilo ngempela kithi, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje. Awu, sizofunda izwi kuqala, futhi manje-ke lalelisisani manje njengoba sifunda.

> *Ngomnyaka wokufa kwenkosi u-Uziya ng*angi . . . *ngayibona iNkosi ihlezi esihlalweni sayo sobukhosi, esiphezulu nesiphakemeyo,* umhudulo *wengubo yayo ugcwalisa ithempeli.*
>
> Futhi *ngaphezu kwayo kwakumi* iserafi*: yilelo nalelo lalinamaphiko ayisithupha; ngamabili lamboza ubuso balo, nangamabili lamboza izinyawo zalo, nangamabili landiza.*
>
> *Elinye lamemeza kwelinye, lathi, Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNKOSI* uNkulunkulu *wamabandla: wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe.*
>
> *Izinsika zomnyango zathuthumela ngezwi lomemezayo, indlu yagcwala umusi.*
>
> *Ngase ngithi, Maye kimi! ngokuba ngiphelile; lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile: ngokuba amehlo ami abonile iNkosi, iNKOSI yamabandla.*
>
> *Kepha landizela kimi elinye lamaserafi, liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithathe ngodlawu ealtare:*
>
> *Lathinta umlomo wami, lathi, Bheka, lokhu kuthintile izindebe zakho: ububi bakho sebususiwe, nesono sakho sihlanguliwe.*
>
> *Futhi ngezwa izwi leNkosi, lithi, Ngiyakuthuma-bani, ngubani oyakusiyela na?Ngase ngithi, Nangu mina; ngithume mina.*

10 Asikhuleke. Nkosi Jesu, asenele ukuba sibhobokele kulendikimba enomusa kakhulu, kulobubusuku, kodwa sicela usizo lwaKho manje, Nkosi, kungesikho okwenye inhloso kodwa ukuze i—iVangeli liphinde lishunyayelwe edolobheni laseChicago. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi u—ukuthonya kungaba ngukuthonya kwangunaphakade. Siphe khona. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

11 Manje ngifuna ukuthatha indikimba kulokhu, yokuthi: *Ukuthonya*. Niyazi, kukhona enye into ethize esiyiyo, thina, esiyenzayo, sithonya omuny'umuntu ngalokho esikwenzayo, indlela esenza ngayo, indlela esikhuluma ngayo, indlela esiphila ngayo. Nakho konke lokho esikwenzayo, sithonya omuny'umuntu.

12 Futhi manje, niyazi, abantu abaningi abayikuya esontweni. Bathi . . . Awu, banokucabanga okungesikho ngebandla.

Bacabanga ukuthi nga—ngabesifazane ezansi lapho ba—bangabathakathikazi, nabe—besilisa ba—bangamademoni afake izingubo ezinde ezimnyama, futhi nje banomqondo ongalungile ngalo. Kodwa ngiyanitshela ukuthi benzani, bayobhekisisa impilo yakho ukubona ukuthi wenzani. Ngikholwa ukuthi kwakunguPawulu owathi, "Siyizincwadi ezilotshiwe zikaNkulunkulu, ezifundwa ngumuntu wonke." Uma usemgwaqeni, nalapho usemsebenzini wakho, nanoma ukuphi, ukhona okubhekisisayo.

13 Futhi ikakhulukazi emva kokuba usushilo futhi wenza ukuvuma kwakho ukuthi ungumKristu, bayokubhekisisa ngokusondele kakhulu impela ngaleyonkathi, nalokho kunika ukuthonya ku—kubantu ozungeze ngakuwe. Futhi sifanele sikubhekisise esikwenzayo. Ngoba, uma siveza ukuthonya okungalungile, khona-ke siletha ihlazo, hhayi kakhulu kangako phezu kwethu uqobo, kodwa phezu kwalokho esizisho ukuthi siyikho: amaKristu. Sikuletha phezu kukaKristu. Futhi akukho noyedwa, uma besingacabanga, ubungasoze wafuna ukuletha ihlazo phezu kukaKristu. Kodwa isenzo esingalungile, ngesikhathi esingalungile, ngempela siyobangela ukubonisa okungalungile ngakumuntu okubhekisisayo. Futhi wonk'umuntu uyabhekisiswa, uma uzisho ukuthi ungumKristu.

14 Manje lendikimba esikhulumela phezu kwayo kulobubusuku, yokuthonya, ibuyela emuva, isifundo sangempela sayo, uma ningathanda uku—ukuyifunda, nizoyithola kwiziKronike zesiBili, isahluko 26. Kwakuyimpilo yaloUziya, inkosi.

15 Manje, u-Uziya inkosi wayengumfana ongumelusi wezimvu. Wayengumfo osemncane, lowo, indodana yenkosi, owayethanda ezokuphumela ngaphandle. Wa—wayewathanda a—amahlathi futhi wayengumelusi. Kanti futhi wayezithanda izivini, wayethanda ukubona izinto zikhula. Nalomfo osemncane wakhuliswa phansi kokuthonya okuhle ngempela. UAmaziya, uyise, wayekade eyindoda enkulu, ngezinsuku zakhe zokugcina wathi ukuxegisa kancane, futhi wacosha abanye onkulunkulu abavela kwelinye izwe, neNkosi yamsusa-ke emhlabeni. Kodwa lomfo osemncane wayekade enokuthonya okuhle, ngoba unina wayeyindodakazi yaseJerusalema, uyise eyikholwa, futhi ngakho-ke u—umfana wayekade ekhuliswe ngokuthonya okuhle.

16 Naleyo yindlela enhle yokukhulisa umntwana, ngendlela okufanele kuhambe ngayo. Futhi niyazi ukuthini? Abantwana benu ngelinye lamehlo amakhulu elinibhekisisayo. Bayakubhekisisa enikwenzayo. Nanoma yini eniyenzayo, bakopela kini, ngoba nibeka isibonelo phambi kwabo, kulokho enikwenzayo.

17 Kuyangikhumbuza. Lapha kungekudala, ngangisemhlanganweni woSomaBhizinisi beFull Gospel, phandle eLos Angeles. NoMfowethu Oral Roberts wayenze isitatimende ngento ethize kulomugqa, futhi bangicela ukuba ngisukume futhi ngisho okuthize ngakho, ngokuthonya. Ngathi:

18 Kungikhumbuza ngendaba engake ngayifunda, lapho i—indoda yaphuma khona, ntambama kuzosa kube nguKhisimuzi, ithatha izipho ngeyakhelene nabo, kozakwabo, omakhelwane. Futhi njalo, lapho eyayiya khona endaweni, i—ibiphuza. Yayiya endlini elandelayo, futhi yayiphuza. Futhi ngesikhathi isikhiphe zonke izipho zayo—zayo, nalezo eyayikade iziqoqile; endleleni isibuyela emuva, yacabanga ukuthi yayizothatha indlela enqamlelayo idabule epaki. Futhi lalikade likhithika iqhwa elithi alibe ngama intshi amane noma ayisithupha. Futhi yazithola ukuthi, yayingasakwazi ukuhamba iqonde, yayihamba ishaya amazombezombe ngoba yayisithonywe yileziziphuzo.

19 Yaqaphela, oza le emva kwayo, engakwazi ukuficana nayo, kwakuyibhungwana layo, umfanyana oneminyaka eyisikhombisa ubudala; futhi wayenza izinyathelo ezinkulu, futhi egeba, futhi ehamba eshaya amazombezombe. Ngakho yalinda umfanyana waze waficana nayo, yayisithi, "Uhambelani kanjalo, ndodana na?"

Wathi, "Babayi, ngizama ukunyathela ezinyathelweni zakho."

20 Manje niyabo ukuthi lokho kungaphezu nje kwe—kwesibonelo, ngoba yiqiniso, lelo, abantwana benu, nibeka ukuba yisibonelo sabo.

21 Futhi uma abantu bakithi abangamaMelika bebeka isibonelo namhlanje, phambi kwabantwana bethu, ngokubhema osikilidi, abesifazane nabesilisa, bephuza, namakhadi endlini, ne—nedayisi, hlobo luni lwa—lwabantu esiyoba nalo esizweni esilandelayo esizayo, noma isizukulwane esilandelayo, njalo, esizayo na? Kuyoba yisigejane sabaguliswa yimizwa. Nengicabanga ukuthi izwe lonke selithi nje alibe kulesosimo manje. Manje-ke uma lesisizwe, noma lesisizukulwane, njalo, sinje, siyovezani esilandelayo na? Manje-ke ukuba bekuyoba khona esinye, ngani, sonke isintu, uma silokhu siqhubeka ngendlela esiyiyo, siyoba ngesiphela nya, ngakho konke, ngoba sizibulala thina uqobo futhi sibeka isibonelo kwabanye.

22 Futhi ngisho namaKristu namhlanje, azisho ukuthi angamaKristu, futhi abheme futhi aphuze, futhi—futhi akhohlise, futhi athenge ngokungeqotho. Sisa . . . Ngani, akumangalisi ukuthi ubuKristu bukokunye kokuhlehla kwabo okuphansi ngalesisikhathi. Ngukuthonya abantu bebandla o—obeke phezu kwamadoda engakamemukeli uKristu. Amadoda ifuna ukuba elokhu egcine ubufakazi bawo bese-ke ephila nganoma yiyiphi indlela afuna ngayo.

23 Kodwa yingalesosizathu uMoya oNgcwele u—u—ungokufanele kangaka okuqinisekayo kulolusuku, ngoba UyiWo ophila impilo yakho. Awuziphileli yona ngesingawe. NguKristu kuwe, manje-ke, emva kokuba sewemukele uMoya oNgcwele. Futhi, futhi uma Engenakho ukuba ngowokuqala ezintweni zonke empilweni yakho, khona-ke khumbula nje, awukamemukeli uMoya oNgcwele. Isizathu, uma Ekuwe, Uyophila ukuPhila kwaKhe uQobo. Awusaziphileli ngesingawe. "Ufile, nokuphila kwakho kufihliwe kuNkulunkulu, ngoKristu, futhi wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele." Ngakho akukhondlela nhlobo kuwe ukuba ube ngoziphilela ngesingawe, owawuyikho.

24 Manje, lomfana osemncane, siyathola, yena, enalona olungileyo, umzali omesabayo uNkulunkulu futhi eqeqesha, ku . . . Ngenkathi uyise efa, ngenkathi wayeneminyaka eyishumi nesithupha kuphela ubudala, nabantu bathatha futhi bamenza inkosi. Futhi uthatha isihlalo sobukhosi sokubusa ngenkathi wayeneminyaka eyishumi nesithupha kuphela ubudala. Futhi uma nizofunda impilo yakhe, akathonywanga ngezombusazwe zezwe lakhe. A—akathathanga umbono othandwa ngabantu. "Wafuna uNkulunkulu," iBhayibheli lasho.

25 Manjse, lokho ngukuthi, lokho kwaba yikho okwamenza waba yisibonelo esikhulu kangaka kulomprofethi osemncane, ngesikhathi esifanayo, uIsaya. UIsaya umprofethi wayephila ngezinsuku zikaUziya inkosi. Futhi bobabili bebasha ndawonye, umprofethi nenkosi, babengoshomi abakhulu ndawonye. NoIsaya wayehlala esigodlweni, futhi wencika engalweni ye—yenkosi. Futhi sithola ukuthi lokhu ukuthonya kwalomfo osemncane kwathonya uIsaya. Uba yiqhawe ku—kuIsaya, ngoba (wayeyilo) akenzanga-mehluko kubantu, akazange avumele noma yini imswaye imyise ngapha nangapha. Wayezimisele ukukhonza uNkulunkulu, futhi akhonze uNkulunkulu yedwa. Nalowo ngumuntu omuhle ukuthatha isibonelo sakhe. I . . .

26 Futhi sithola ukuthi akazange axegise nganoma yimaphi amazwe abahedeni, izwe labahedeni; emva kokuba sebembone akha umbuso wakhe uba mkhulu kangaka, noNkulunkulu wayenaye futhi embusisa.

27 NoNkulunkulu uyobusisa noma yimuphi umuntu oyohlala neZwi laKhe. Manje, lokho ngukuthi, uNkulunkulu ubophezelekile ukuba enze lokho, ukubusisa noma yimuphi umuntu oyohlala neZwi likaNkulunkulu.

Manje siyabona ukuthi uIsaya wayeyithanda ngempela lenkosi.

28 Kwase kuthi-ke umbuso wenkosi wasabalala. Ngiqagele wayengolandela kuSolomoni, embusweni wakhe, ngoba ukuthonya kwakhe kwaze kwayofinyelela le ezansi eGibhithe.

29 Kwakulusizo olukhulu kuIsaya, umprofethi osemncane, ukubona ukuthi noma yimuphi umuntu oyothatha isinqumo sokumela uNkulunkulu, futhi kungakhathaleki ngezombusazwe kumbe noma yini enye, uyohlala aqonde neZwi. Ngempela wayengukuthonya kumprofethi, uIsaya. Lomfo osemncane, ukuthi uNkulunkulu wambusisa kanjani, ngoba wahlala ngokwethembeka eZwini.

30 Manje sithola ukuthi lenkosi, o, yenza njengamaKristu amaningi kakhulu anamhlanje. Inqobo nje uma yayihlala izithobile, khona-ke uNkulunkulu wayeyibusisa. Kodwa iBhayibheli lasho lapha, ukuthi, "Lapho izikhukhumeza." Lapho isithole yonke into iphephile, khona-ke yazikhukhumeza kuyo uqobo, yabe-ke isiba sendleleni yayo iphuma.

31 Manje, lokho kunjalo, kunjalo namhlanje, nga—ngamabandla. Bekuhlala njalo kunjalo, ukuthi uma amadoda ezizwa ukuthi asebe ngawenelayo, awasadingeki ukuba abe esakhuleka, awasadingi ukulindela uNkulunkulu ngenkonzo yawo.

32 Uma nizoxola ngalesisisho, ngiyavumelana nombhali othize, ukuthi yilokho okubangele amaningi alamadoda ebikulezizimvuselelo zosuku lwamuva, noma lemvuselelo yosuku lokugcina, uku—ukubhiza abe yizicucu. Amanye awo atholwe ukuthi ashiwo ukuthi abedakwa epulpiti lawo, na—namanye awo yenze okungalungile. Yingenxa yokuthi a—anokuthonya okunjalo kubantu aze aqale ukuzizwa ukuthi anele ngokwawo, ukuthi lowo ngumbuso wawo omncane, futhi angakwenza, anabantu kanjalo ekubambeni kwawo xhakathi ukuthi angenza nje noma yini afuna ukuyenza, nabantu akakunaki. Kodwa uNkulunkulu uyakunaka, niyabo, yiLowo-ke. Ngingahle ngisho . . . NjengoNebukadinezari, ngoluny'usuku, waphuma wayesethi, "Bukani ukuthi mkhulu kangakanani umbuso engiwakhile," kwase kuthi-ke iNgelosi yeNkosi yamshaya.

33 Futhi uma owesilisa noma owesifazane, akunandaba noma ngabe ungumbhishobhi noma isikhulu sesonto lamaloma ukhadinali, kumbe noma angaba yini, uma uqala ukuzizwa ukuthi uzethembe wena uqobo, khona-ke kungcono uqale ukubhekisisa futhi unake. Ngoba, uNkulunkulu akayikukuvumela uhambe kanjalo, ngoba Akayikuyabelana inkazimulo yaKhe nanoma ubani. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu uthatha inkazimulo, yedwa.

34 Ngezinye izikhathi uNkulunkulu angabusisa indoda futhi ayinike inkonzo encane mhlawumbe engconywana kunabazalwane bayo, noma ingengcono, kodwa into nje ehluke kancane kubazalwane bayo. Nento yokuqala niyazi, indoda iba ngeziphakamisayo, iqhoshise isifuba sayo, futhi, o, he, ibiyokwenza, ibiyokubrasha usuke emgwaqeni. Futhi, lokho,

leso yisikhathi engikholwa ukuthi leyondoda iqale ukukhishwa ngomnyango, ngoba uNkulunkulu angemsebenzise umuntu onjalo.

35 Lenkosi, nakuba ingumuntu omesabayo uNkulunkulu njengoba yayinjalo, yazizwa yenele uqobo lwayo. Yazizwa sengathi yayingaziphakamisa yona uqobo ngokuzazi, ukuthi yayingahle nje yengamele futhi yenze noma yini eyayifuna ukuyenza, akukho-muntu omunye eyayingambuza.

Kodwa, khumbulani, njalo siphansi kukaNkulunkulu. UNkulunkulu unguNkulunkulu wethu.

36 Futhi siyathola, yazikhukhumeza, futhi ya—yazikhukhumeza kakhulu yaze yacabanga lokho, ngoba yayikade 'ibusiswe nguNkulunkulu,' yayinga 'thatha indawo yomfundisi,' ngakho yathatha isitsha sokuthunqisela impepho yayisingena ukuyothatha indawo yomfundisi. Yaphuma endaweni yayo yomsebenzi ewumiselweyo.

37 Yilokho ebengihlala ngikusho kulaba oSomaBhizinisi beFull Gospel, "Ningazami neze ukuba ngabashumayeli." Abashumayeli unesikhathi esinzima esenele ukugcina into iqondile. Futhi manje-ke senza umsebenzi ophansi ngakho bese kuthi-ke ikakhulukazi sithathe usomabhizinisi ongabizelwe ngisho nasemsebenzini nhlobo. Niyabo, uma wenza lokho, weqa ngale kwemingcele yakho.

38 Futhi ungahle uthathe isifundo ngalokhu. Kunabantu abaningi phandle, ngisho nasepulpiti kulobubusuku, abashumayelayo, abangafanele ukuba lapho, ngoba kwencike kakhulu ethikithini lokudla, noma ukuthandeka phakathi kwabantu, noma—noma ukuba no—no—nokuba kakhudlwana kunoma omunye enakho, noma ube nodumo olumbalwa ngomunye ekumbambatha emhlane, noma okuthize. Niyabo, ngeziny'izikhathi baba ngumpristi.

39 UJesu wathi, "Nidla izindlu zabafelokazi, futhi nifisa izihlalo eziphakeme, futhi, nenzela ukubukisa, nenze imikhuleko emide." Wathi, "Niyokwemukela lokho kulahlwa okukhulu impela nje ngakho." Niyabo?

40 A—asifanele, neze, sifike kuleyondawo. Sifanele njalo sikhumbule ukuthi uNkulunkulu ufuna sizithobe. Indlela eya phezulu iphansi. Zithobe, futhi uyaphakanyiswa. Futhi uma uziphakamisa, uyothotshiswa.

41 Manje sithola ukuthi lomfo wazama ukuthatha indawo yomfundisi, ayengakufaneli.

42 Nokho, uNkulunkulu wambusisa, wayengumuntu omkhulu. Wayeqinise umbuso wakhe ngakuzo zonke izizwe zezwe. Zazingenisa inkazimulo futhi ziyinika yena, nezimvu nezinkomo. Futhi wayenabelusi, nezisebenzi zesivini—vini futhi,

o, yonk'into. Wayephila ngokutamasa, wase-ke eqala ukuza ekhukhumele.

43 Sithola ukuthi ngisho nebandla, ibandla lendawo lingathoba futhi libe ne—nendawo encane likhonza iNkosi ngobuqiniso benhliziyo; futhi ake bathi ukuba ngconywana, omunye abasize futhi bathola i—isonto elihle, noma bayozama ukulenza libe ngconywana kunalelo elisezansi ekhoneni, bese kuthi-ke inhlangano yebandla ihambahambe beqhoshise isifuba sabo. Lokho, niyabo, si—sifanele sikhumbule, leyo yinto engalungile.

44 UNkulunkulu watshela uIsrayeli, "Ngenkathi wawu, Ngakuthola endle, wawunegazi," nesimo okwakukuso, "kwase kuthi-ke usudiniwe, futhi—futhi wathi ukuba muhlanyana, kwase-ke ku. . . " wafulathela uNkulunkulu, futhi be-. . . wabamba iqhaza lokuba yi—yisifebe, futhi wamema wonke umuntu ukuba ambone. Futhi siyabona ukuthi uNkulunkulu akathokoziswa yilokho nhlobo.

45 Futhi ngisho nalena enkulu, inkosi enamandla kaIsrayeli lapha, ngenkathi izama ukuzenza ithathe isikhundla eyayinga. . . eyayingasigcotshelwe. Futhi sithola ukuthi aba—abapristi lapha, bagijimela phakathi base beyitshela, "Leyo akusiyo indawo yakho. Awufanele ukwenza lokho, ngokuba uNkulunkulu unamadoda ahlukaniselwe lokhu."

46 O, ukuba inkonzo kuphela ibingake ifinyelele kuleyondawo, abahlukaniselwe inkonzo! Ukuba amadoda abengaqonda ukuthi ukushumayela iVangeli akusikho ukuthola amalunga amanye amaningi ebandleni, kodwa kungukwahlukaniselwa i—inhloso yomsebenzi onqunyiweyo, ukuthi sifanele sibe nezingane ezizalwa kabusha eMbusweni kaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi hlelo lini eziya kulo, noma ukuthi yini ngakho, nje kungukuthola lezozingane ezizalwa kabusha.

47 Manje-ke sithola ukuthi namhlanje kul'khuni kakhulu uma sibona umfundisi esukuma nesincane, olunye uhlobo lwesimanga esivelayo uNkulunkulu asibeke enkonzweni yakhe. Sithola ukuzifanisa nabanye kwenyama kwalokho, ukuthi abehlukene bayongena futhi bazame uku—ukuba bathi yi*lokhu*, bana*lokhu*, noma bazejwayeze into ethize ngokwehluke kancane.

48 Ngazi ngendoda ezweni namhlanje, indoda ekahle, futhi, indoda elungileyo, umshumayeli wangempela weZwi, futhi ngi—ngingathi u—umzalwane wangempela, futhi ngakhuluma kuye kungekudala. Futhi wayelokhu enamavuso, futhi wakha inkonzo yakhe ngokupheleleyo phezu kwamavuso, manje babhaphathizela ekuPhileni okuPhakade, "abantu abazukufa." Ngiyesaba baphumela engatsheni ukuthi abasoze baba nandlela yokuba babuyele emuva basuke kulokho, niyabo, kodwa ngoba lokho kuyiphutha.

49 "Umuntu ozelwe ngowesifazane imihla yakhe mifushane, futhi igcwele izinsizi, izinkathazo." Nabaphilayo bayazi ukuthi bazofa. Futhi siyazi, "Kwamiselwa kanye ukuba umuntu afe, futhi emva kwalokho ngukwahlulelwa." Ngakho, siyazi ukuthi sifanele.

50 Ngingongafuni ukuhlala kulendlu endala yezifo ezibulalayo ekade ngihlala kuyo. Ibamba zonke izifo ezintanta zedlule. Ngifuna le engenziwanga ngezandla, ebunjwe yafana noNkulunkulu, e—engesiso isithombo esibhasteliwe njengoba lena injalo. Ngifuna le eyenziwe ngezandla zikaNkulunkulu, izifo nokugula nokufa okuphumayo kuyo. Manje, nxa Engibiza, ngi—ngilungele, ngomusa kaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi, "Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile," esingena kulo, esingasayikufa kulo.

51 Ubungafuna kanjani ukuhlala kuleli na? Hhayi mina. He li . . . Siyaphuma kulo, futhi ngiyajabula ngalo. Nalona wobuntu omdala, unoxhaka wamagciwane esiphila kuwo, unoxhaka wokufa nanoma yini okunye, ngukububula nezinhlungu kuwo, nokuguga ngeminyaka. Futhi, ngani, he, ubani obengafuna ukuhlala emzimbeni onjalo na? Mina, ngiyajabula ukhona ozayo. Sinomzimba o—olungiselwa thina, eNkazimulweni. Futhi kuthi nje ukuphila kungasuka kulelikhasi elidala lapha, lowoMoya kaNkulunkulu oPhakade ohlala phakathi kwalo, uthatha uhambo lwawo uyongena kulelotabernakele ngaleya, futhi lapho uhlala Phakade. Besingayifunelani into ethize enjengalena na? He! Yebo, mnumzane. O, ngi—ngijabula kakhulu ukuthi, ukuthi lapho, ukuthi kukhona uNkulunkulu Owenze zonke lezizinto zacaca.

52 Futhi sibuka lapha, sibona ukuthi iyithunzi nje, empeleni. Siyithunzi. Ngibuka lapha emsamo, ngibone amadoda enyakazayo, futhi ngibuka phandle emgwaqeni futhi ngibona abesilisa nabesifazane onyakazayo. Banokuphila, kodwa nokho kungeke kwaba ngukuPhila kwangempela, ngoba ngukufa kukho. No—noDavide wathi, "Ngiyohamba esigodini sethunzi lokufa." Manje, kuthatha ukukhanya okungaka ukwenza ithunzi. Kuzofanele kube nokukhanya okungaka. Uma kumnyama bhuqe, kungeke kwenza ithunzi. Niyabo? Kuzofanele kube ngukukhanya okungaka, emnyameni, ukukwenza ithunzi. Awu, manje kuya ngokuthi yiliphi lalawomacala oncike kulo.

53 Uma ngibona umuntu ehamba, insizwa ebukeka kahle; eminyakeni embalwa, bhekisisa izinwele zayo zijika ziba mpunga futhi zimonyuka, amahlombe ayo ayayetha. Intombi enhle imile, nobungcwelisiwe, ubuso obunokumesaba uNkulunkulu kuyo, futhi ime futhi idumisa uNkulunkulu; futhi ngiyabuya eminyakeni embalwa futhi ngiyithole isimahlombe aqhothile, iphethe abantwana ababili noma abathathu. Awu, he, lapho, kukhombisa ukuthi kulowomzimba kukhona ukufa.

Akunandaba ukuthi uphile kahle kanjani nokuthi ubukeka uthandeka kanjani, usalokhu unokufa kuwo.

54 Manje ngibhekisisa ukuthi lowomoya phakathi lapho yiyiphi indlela oncike ngakuyo. Uma uhlala njalo umele ukuKhanya, ukhuluma ngokuKhanya, uxoxa ngokuKhanya, uyohamba nokuKhanya. Kodwa uma uhlala njalo ungakwelinye icala, lezwe, izinto zezwe, uthonywa yizwe, akukho lutho kodwa ukuba uphendukele ebumnyameni uma ufa, ebumnyameni obungaphandle. Ngakho niyabo, esiyikho, sifanele sikhumbule ukuthi siyilokho esiyikho kuphela ngomusa kaNkulunkulu, futhi akukho namunye wethu ongaqhosha ngakho. Kuphela singakhothama ngokukhonza nangokuzithoba, phambi kukaNkulunkulu, futhi sinikele udumo kuYe ngobubele baKhe.

55 Futhi sithola ukuthi inqobo nje uma lenkosi yayizizwa ngaleyondlela, uNkulunkulu wayeyibusisa. Kodwa ngenkathi isifika endaweni ukuthi yayifuna ukungahlali obizweni lwayo uqobo, yayifuna ukuthatha ubizo lwenye into ethize. Futhi yacabanga, ngenxa yokuthi uNkulunkulu wayeyibusisile, ukuthi lokho kwakulungile, yayingakwenza lokho.

56 Kodwa kudabukisa kanjani ukuthi senza lawomaphutha! Kanjani, kubi kanjani! Nina, nifanele nibe qotho uqobo. Anifanele, anifanele nenze lutho ngaphandle uma uNkulunkulu eniqondise kukho, futhi akufakazise, futhi akuqinisekise, futhi niyazi ukuthi nguNkulunkulu okwenzile.

57 Ngokwejwayelekile, indoda kaNkulunkulu, uNkulunkulu uzofanele ayigijimise ayehlise bese ebamba indoda kaNkulunkulu yangempela. Akusibo labobafo ofuna yonk'inqwaba yento ethize ukwenza yonk'inqwaba ngayo, kuyobanzima ukuba usho ukuthi bebeyokwenzani ngayo uma beyemukelile. Niyabo? Kodwa uNkulunkulu ngokuvamile uzofanele abambe indoda yaKhe, njengoMose, noPawulu, nakanjalo, ukuyigijimisa ayehlise, ukuba athole inkazimulo ngempilo yayo, futhi ayidedele ibe yisiboshwa kuMoya oNgcwele.

58 Manje siyaqaphela ukuthi, lenkosi, nenye into esiyifunda lapha ngoUziya, ukuthi, ngenkathi ebizwa ukuba ehle yindoda eyayinegunya lokufaka isitsha sokuthunqisela impepho, indoda ehlukaniselwe inkonzo. Ngenkathi imbizela ukuba ehle, wayithukuthelela.

59 O, into e—eqalekiswe kanje pho leyo eyayingaba yiyo! Uma indoda izama ukukhomba umfo ukuthi usephutheni, futhi ikufakazise kuye ngeZwi likaNkulunkulu, "Usephutheni." Bese kuthi-ke indoda, ngenxa yokuthi izizwela kuyo uqobo ukuthi izokwenza efuna ukukwenza, futhi ingayikuzinikela eZwini, khona-ke iyathukuthela.

60 Niyaqaphela ukuthi kwenzekani enkosini na? Uchoko lwabheduka ebusweni bayo ngenkathi isesekuthukutheleni

kwayo. Uchoko lwamshaya u-Uziya ebusweni, nabapristi nalabo bakuqonda, base bemphosa ngaphandle kwethempeli, wayesefa, engonochoko. Lokho kuphila okukhulu okwaqala ukuphuma kahle kakhulu, waphetha esengonochoko, wayesekhishwa, futhi wadingeka ahlale endlini ehlukanisiwe abe yedwa, zonke izinsuku zokuphila kwakhe, indoda impilo yayo uNkulunkulu ake ayithonya.

61 Ngingasho lokhu, izinhlonipho. Sinamadoda namhlanje asensimini, izinsizwa, namadoda aphakathi nendima yempilo, namakhehla, aqala ukuphuma ngokugijima kahle, futhi azama, futhi enza ukubonisa okuhle kuNkulunkulu. Kodwa siyawathola, namhlanje, phandle ngaleya, aseyilawo ehlulwa wuphuzo, futhi abhidlika, phandle lapho kwenye, asuka kithi. Amanye awo ahlubuka, ngakho konke. Amanye awo ahambe ahlanyiswa yimali, namanye ahambe ahlanyiswa yisifazane futhi aganwa ngabanye besifazane okwakungesibo abafazi bawo. Na—nazo zonke izinto nehlazo elilethiwe, onke amahlelo. Thina, elinye lingebize elinye ngokuthi libi, ngoba sonke sinecala, konke, noma onke amahlelo. Sithole amadoda anjalo, eke athonywa nguNkulunkulu futhi aba nokuthonya okukhulu kubantu. Futhi nokho ngenkathi ezizwa enele ngesingawo . . .

62 Uma indoda ithola indawo lapho ingathonyela khona uNkulunkulu, ifanele izithobe, ngaso sonke isikhathi, njalonjalo.

63 Futhi siyathola, lenkosi yafela ehlazweni, ingenochoko. Manje-ke, yayiyisifundo kumprofethi osemncane, ukuba angabeki amathemba akhe phezu kwanoma yiyiphi indoda, kodwa ukuba abuke kuNkulunkulu kuphela. Ngenkathi eqala ukubuka indoda ibe yisibonelo, lendoda yehluleka, nokho iyindoda elungileyo.

64 Ngakho kuyisifundo kithi, kulobubusuku, ukugcina imiqondo yethu phezu kukaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi iyindoda enjani. Mayibe yisikhulu sesonto lamaloma ukhadinali, umpristi, umprofethi, noma ingahle ibe yini, ayigomekile emaphutheni no—nokuphosisa, futhi ngisho nokufa, nesono. Kodwa Ukhona Onjalo, nalowo nguJesu Kristu; NguYe.

Ngalokhu, uIsaya wafunda isifundo, uNkulunkulu uyala indoda yaKhe endaweni.

65 Indoda ayinalungelo lokuthatha bese ithi, "Awu, bengingaziphilisa kalula ukuba bengingumfundisi. Ngikholwa ukuthi ngiyofundela ubufundisi. Ngikholwa ukuthi ngiyokwenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Ngikholwa ukuthi uma ngingazifanisa nomunye ngalesisiphiwo uNkulunkulu asinikezile, bekungaba . . . Bengingaba nemikhankaso emikhulu, kanjalonjalo." Sibona okukhulu kakhulu kwalokho namhlanje.

66 Kodwa uma uthola, uIsaya wathola isifundo lapha, ukuthi uNkulunkulu ubeka indoda yaKhe, qobo lwaKhe. UNkulunkulu wenza ukubeka, futhi Akazange enze lendoda umpristi. Wayenza inkosi, futhi yayifanele ihlale iyinkosi. Ayi—yifanele ukuzama . . . UIsaya wafunda lapha ukuthi awufanele uzame ukuthatha indawo yeny'indoda.

67 Manje-ke ngenkathi ebona ukuthi iqhawe lakhe elikhulu lalifike kulelihlazo futhi lehla futhi lafa, uIsaya wezwa-ke ukuthi cishe impela onke amathemba akhe lalingasekho, ngakho wehlela ethempelini ngoluny'usuku ukuba ayokuxoxisana neNkosi, futhi yilapho umbono owenzeka khona. Ethempelini, wabona Lowo ayefanele ukubheka yena ngaso sonke isikhathi. Ethempelini, yena, wabona, embonweni, uNkulunkulu ehlezi phezulu esihlalweni sobukhosi, esiphakamele le emaZulwini, nomsila wengubo yaKhe wawunaYe. Lombono awubona, esiphezulu, esiphakeme, isihlalo saKhe sobukhosi, le phezu kwakho konke ukubusa kwasemhlabeni. UNkulunkulu, yiLowo ayefanele ukubheka kuye, ngenkathi esembonweni.

68 Bese kuthi-ke siqaphela lokhu, ukuthi amaSerafi aseZulwini lalindiza liya emuva naphambili, ethempelini. Manje, amaSerafi, empeleni igama lesiHeberu lapho nga *Bashisi*. AyeyiWo Ayenikela ngempepho nomhlatshelo. Kuluhlelo nje oluphakame kakhulu lweziNgelosi, o—olwenza indlela yesoni, inqobo nje uma kukhona umhlatshelo. NalamaSerafi, ikakhulukazi, labaBashisi babenesikhundla esikhethekile, Babehlala ngqo eBukhoneni bukaNkulunkulu. Bafana nje namaKherubi, futhi Babekhona ngqo eBukhoneni bukaNkulunkulu.

69 Futhi ngenkathi lomprofethi ezwa uMoya kaNkulunkulu phezu kwakhe, futhi, wavula amehlo akhe. Niyabo, wazalelwa kakhulu leyonhloso, ukuthi ngenkathi evula amehlo akhe, kwakunjengokuqathaka lapha ungene ezweni sengathi wayephupha, futhi wabona isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu siphakeme kakhulu phezulu. Wayese-ke ebheka ethempelini, nalamaSerafi laliya emuva naphambili, lidabula ethempelini, ememeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu! Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu!"

70 Uguquko olunje pho, futhi kufanele ukuthi lokhu kwakungukuthonya okunjani phezu kwalomprofethi osemncane! Ngenkathi ebona ukwehluleka kwendoda, futhi nakuba amadoda alungileyo abengehluleka, kodwa manje ubona uNkulunkulu, futhi wabona lamaSerafi.

71 Futhi qaphelani isembozo esikhethekile lamaSerafi ayenaso. Ayembozwe ngamaphiko amabili ebusweni baWo, amaphiko amabili ezinyaweni zaWo, futhi Ayendiza ngamaphiko amabili. UNkulunkulu ngakho konke ungcwele. Kucabangeni, ngisho

neziNgelosi idingeka imboze ubuso baZo obungcwele, ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu.

72 Ngiyamangala, mfowethu, ngiyamangala, dadewethu, ukuthi sizokubuka yini lokho! Lapho, iziNgelosi ezingcwele izofanele zimboze ubuso baZo, ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, ekuzithobeni nasenhloniphweni. Kodwa namhlanje sithola abantu abazibiza ngamaKristu, ngisho, akananhlonipho nhlobo kaNkulunkulu, noma iZwi laKhe, noma abantu baKhe, noma inkonzo yaKhe, noma lutho. Bayonyukelaphi ekuvukeni na? IBhayibheli lathi, "Uma olungileyo esindiswa kalukhuni, uyoke abonakalephi oyisoni nongamesabi uNkulunkulu na?"

73 Futhi ngenkathi, amaSerafi, uhlelo oluphakeme kunalo lonke lweziNgelosi, ngasesiHlalweni ngqo soMusa, aBashisi bomhlatshelo, badingeka bamboze ubuso baBo obungcwele, ukuma eBukhoneni baKhe, futhi nakhu Babekhona. UNkulunkulu ehlezi phezulu lapho esihlalweni saKhe sobukhosi, nalamaKherubi eya emuva naphambili, edazuluka, imini nobusuku, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu!" Niyazi ukuthi ngisho ukuthini na? Qaphelani. Wona, amaphiko amabili, Amboza ubuso baWo. Futhi ngani na?

74 Siyaqaphela namhlanje, ukuthi, ngenxa yokuthi abantu ba. . . abananhlonipho yokuzithoba. Bayoza esontweni, abantu bayoza esontweni, futhi—futhi bahlekise, futhi bahleke, baxoxe, bahlekise, behlezi lapho iVangeli lishunyayelwa khona, ayikho nhlobo inhlonipho yokuzithoba. Futhi bahlangane nawe emgwaqeni, nane. . . Awulindele zinhlonipho ezivela kubantu; asifanele senze lokho. Kodwa nokho ku—kukhombisa isithunzi samaKristu ukuba okungenani sihloniphe abantu, sithi, "Sawubona ekuseni, mfowethu," kumbe noma yini oyifisayo. Abanye babo bayampongoloza, "Halo, Shumayela!" O, lokho kwejwayeleke kakhulu.

75 Khumbulani, uJesu wathi, "Njengokuba nikwenza kulaba, nikwenza kiMi. Ongamukelayo Mina, wemukela ONgithumileyo. Nowemukela ENgimthumile, wemukela Yena. Niyabo, njengokuba nikwenza kubo, nikwenzile kiMi."

76 Nokungabi nanhlonipho yokuzithoba, niyazi ukuthi iyini na? Yi. . . Abanakho ukuzwa uBukhona bukaNkulunkulu. Izwe seliphenduke lejwayeleka kakhulu—kakhulu, nenkolo isiphenduke yahlehla yaphansi kakhulu, sekuze akusekho-zinhlonipho, njengoba nje bekuhlala kunjalo.

77 Bukani lawomasosha. Besingacabanga, kulobubusuku, ukuthi kwakuyinto engubudedengu nesabeka kanjani kulawomasosha ukuba abeke i—indwangu phezu kobuso beNkosi yethu uJesu, ukuhlekisa ngaYe engumProfethi futhi wayekwazi ukwazi izimfihlo zenhliziyo. Babeka i—indwangu phezu kobuso baKhe, base beMhlalisa phandle lapho egcekeni

elibiyelwe, base bethatha induku base beMshaya ekhanda ngayo, base-ke beyedlulisela komunye nomunye, base bethi, "Uma Ungumprofethi, profetha manje, sitshele omunye wethu oKushayile." Niyabo, akukho-zinhlonipho nhlobo. Babengenakuwezwa amandla.

78 Kodwa lowo wesifazane omncane, enokukholwa okwenele okwakungathinta ingubo yaKhe, wazithola izifiso zakhe. Niyabo, sifanele, sifanele ukuba nokubuzwa uBukhona bukaNkulunkulu.

79 Lo imizwa emincane emihlanu esiphila kuyo, lelo nje yizwe elincane lethu uqobo. Niyabo? Kodwa uNkulunkulu. . .Lokho ngukuthi, sanikwa kuphela lena ukuze sikwazi ukuxhumana nekhaya lethu lasemhlabeni. Kodwa kunemizwa engaphambili le kwalokho, amanye amazinga.

80 NoNkulunkulu ukhona njalo. Uma kuphela besingakhumbula lokho. "IziNgelosi zeNkosi zimise nxa zonke kulabo abaYesabayo." Kulendlu, kulobubusuku, kumi uJesu Kristu. Kulendlu kulobubusuku ngamabandla eziNgelosi, izinkulungwane zaZo zibuthene zizungezile. AniZiboni, kodwa ningakuzwa ukuthonya kwaZo, bunitshela ukuthi Zilapha. Uma lokho kungenjalo, khona-ke umBhalo awunjalo. Futhi uma umBhalo ungaqinisile, khona-ke uNkulunkulu akaqinisile. IBhayibheli lasho, ukuthi, "IziNgelosi zikaNkulunkulu zimisile," Azisuki, "Zihlala eduze kwalabo abaMesabayo."

81 UJesu wathi, "Lapho ababili noma abathathu behlangene ngeGama laMi, Ngiyakuba phakathi kwabo." Ngakho-ke lokho kuMenza ezweni esingelibone, imizwa yethu emihlanu ongaxhumani nalo. UJesu Kristu ulapha, ekhona. Uma besingaba nokukuzwa lokho!

82 Futhi, khumbulani, hhayi lapha kuphela, kodwa uma nehla ngomgwaqo, noma ngabe nikuphi, nina enizisho ukuthi ningamakholwa futhi nesaba iNkosi, khumbulani, iziNgelosi zikaNkulunkulu zihamba nani noma ngabe nikuphi. Zibhekisisa yonke into eniyenzayo, yonke imicabango edlula emqondweni wenu, futhi Zazi konke ngani. Ngakho-ke, sifanele sibe nokukuzwa lokho.

83 Uma singenakho ukukuzwa, khona-ke ningaziphatha noma kanjani. Ngakho abantu ikakhulu, namhlanje, abantu abaningi kakhulu, abanakho ukuzwa uBukhona beNkosi uJesu, yingalesosizathu (bona) sinalezizinto esinazo ziqhubeka manje, lokho akulungile.

84 Ukuba kuphela besingenza njengoDavide owathi, "Ngibeka njalo iNkosi phambi kwami." O, ngiyakuthanda lokho. "INkosi njalo iphambi kwami. Lapho Iya khona, ngiyolandela. Futhi nginokuzwa ukuthi ndawo zonke lapho engiya khona," ngamany'mazwi, uDavide wathi, "ukuthi iNkosi ihamba phambi kwami."

85 "Angiyikukuyeka angiyikukushiya," kwasho uJesu. "Bheka, Nginani njalo, ngisho kuze kube sekupheleni kwezwe." Angesiyeke. Wethembisa ukuba angasiyeki.

86 Leyo yiyona impela impokophelo yalemihlangano. Leyo yimpokophelo, bazalwane bami, yokubamba inkonzo yami ngaphandle kwamahlelo, ngukuzama ukubonisa abantu ukuthi uJesu Kristu usaphila, futhi Ulapha, kulo lonke ikholwa, kulo lonke ihlelo eliyoMkholwa...noma abantu kulawomahlelo. "INkosi iphambi kwami," uDavide washo, "futhi angiyikuzanyazanyiswa."

87 Qaphelani manje, ngamaphiko amabili Ayemboze ubuso baWo, ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba yilapho Ayekhonzisa khona.

88 Futhi uma Adingeka amboze ubuso baWo obungcwele, ukukhonza kuNkulunkulu, hlobo luni lomuntu umshumayeli afanele ukuba yilo na? Sifanele kanjani ukumboza ubuso bethu, ngehlazo! Besifanele kanjani ukuphila! UNkulunkulu ungcwele ngakho konke. Sifanele ngokukuzwa, ngaso sonke isikhathi, sikukhumbule lokho. Ngaphandle komusa kaNkulunkulu, siyizoni ezinqunu, kodwa iGazi likaJesu Kristu lisihlanza esonweni.

89 Manje Ayenamaphiko amabili emboze izinyawo zaZo. Lokho kumele ukuzithoba.

90 NjengoMose, uMose wayengekho kakhulu kangako ekuzithobeni waze wahlangana noNkulunkulu kulesosihlahla esivuthayo. Kodwa ngenkathi ngempela esebona ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu, futhi ngoba lokhu ukuKhanya kwakhuluma izwi lesithembiso. Niyakuthola na? Bazi, noMose wazi, ukuthi isikhathi sasesiseduze salokhu ukukhululwa. Futhi nakhu kufika kwehla uBukhona obungaphezu kwemvelo, futhi buphinda, futhi buthi, "Ngiyasikhumbula isithembiso saMi kuAbrahama, uIsaka, noJakobe." NoMose wakhumula izicathulo zakhe, ukuzithoba, sonke isisekelo sakhe. Wakhumula izicathulo zakhe.

91 UPawulu, ngenkathi ebona leyoNgelosi efanayo yokuKhanya ngaphezu kwakhe, futhi wakubiza ngokuthi "Nkosi," wawela othulini lomhlabathi. Waqonda. Ukuzithoba, "Ngiphelile!"

92 Akumangalisi uIsaya wakwazi ukumemeza, "Maye kimi, ngokuba ngiyibonile iNkosi uNkulunkulu wamabandla." Nokho, engumprofethi!

93 Futhi nokho, uPawulu, eyindoda enkulu, isifundiswa esikhulu, kodwa uma engena eBukhoneni bukaNkulunkulu, wazithoba.

94 Futhi ngenkathi uMose engena eBukhoneni bukaNkulunkulu, wazithoba. Wayengumprofethi. Wamhlonipha uNkulunkulu, iZwi.

95 Qaphelani uJohane umBhaphathizi. Ngenkathi uJohane emi ogwini, emva kokubhaphathiza abantu, wabuka phandle wayesebona lokho kuKhanya okufanayo kwehla kuvela eZulwini. Wamemeza, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Futhi ngenkathi ezithoba, noJesu waphumela emanzini, ngaye.

96 Manje nanku umbuzo engabuzwa wona ngoluny'usuku. Ungahle uqubuke engqondweni yakho. Ngenkathi uJesu engena emanzini, noJohane wathi, "Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi yini ukuba Uze kimi na?"

97 Manje, umfowethu wami omdala oyiBaptisti, lowoDokotela Roy Davis, wayevame ukungitshela. Wabeka izandla zakhe phezu kwami ngenkathi engigcoba ebandleni leMissionary Baptist. Wathi, "Billy, okwenzekayo . . . " Ngambuza ngalokho. Wathi, "Nakhu okwenzekayo. Uyabo, uJohane wayengakaze abhaphathizwe, qobo lwakhe, ngakho uJesu wabhaphathiza uJohane. Kwase kuthi-ke uJohane wayesejika wayesebuya, wabhaphathiza uJesu, ngoba uJesu wayengenakumbhaphathiza uJohane ngaphambi kokuba Abhaphathizwe." Awu, ngacabanga ukuthi lokho kwakuzwakala kahle.

98 Kodwa ngoluny'usuku, cishe iminyaka emibili eyadlula, phandle emahlathini lapho engangihlezi khona, uMoya oNgcwele wehla, ukuKhanya, ngase-ke ngibona ukuthi kwakuyini, ngenkathi Ekwembula.

99 Manje nakhu okuyikho. Niyabo, kwakukhona abantu ababili abasemqoka kakhulu emhlabeni: kwakukhona uJohane umprofethi; kwakukhona uJesu uMesiya. Futhi bona, bobabili, bamadoda ayenoMlayezo wosuku, bahlangana ubuso nobuso emanzini, ngenkathi amehlo abo ebonana. Futhi uJohane, ngokuzithoba, washo ukuthi, "Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi yini ukuba Uze kimi na?"

100 UJesu wathi, "Vuma kalokhu." Kunjalo. "Kodwa kusifanele, noma kufanele thina . . . " *Kufanele* kusho ukuthi "kuba ngokufanele." "Kufanela thina ukuthi sigcwalise ukulunga konke." Ngani na? UJesu enguNkulunkulu; uJohane engumprofethi. Ngokushesha uJesu wazi ngenkathi Esho lokho, uJohane engumprofethi eliza kuye iZwi, wayazi ukuthi wayezokuqonda. Ngoba, umhlatshelo, ngokomthetho, wawufanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulwe. NoJesu wafanele abhaphathizwe ngaphambi kokuba ethulwe. Wathi, "Vuma kalokhu manje. Kunjalo. Ngokuba kusifanele, kufanela thina, ukugcwalisa ukulunga konke."

101 O, ukuba besingathatha lokho kube yindikimba imizuzu embalwa! Esikubonayo namhlanje, nje—njengamakholwa

ekuKhanyeni ehoreni esiphila kulo, kufanela thina ukuba sigcwalise ukulunga konke. Kufanela ibandla lephentekoste, ukuba sigcwalise ukulunga konke, lokhu sibizwe nguMoya oNgcwele. Akufanele ukuba sizahlukanise nabanye abazalwane. Akufanele ukuba sizihlele futhi singabi nalutho olunye lokuzihlanganisa nomfowethu omukele uMoya oNgcwele ngokufanayo njengoba senza. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Akusifaneli. Uma sibona uNkulunkulu ehamba futhi enza, futhi enza khona impela Akusho, futhi ngoba umuntu akaxhumene nenhlangano yethu, ukuthi siziphathe ngokungafanele, lokho kungokungabonakali. Akulungile.

102 Sifanele sibe amaKristu. Sifanele sibe amadoda ahloniphekile. Sifanele sibe ngabantu abamesabayo uNkulunkulu namadoda. Sifanele silungele ukufinyelela ngapheshеya futhi sixhawulane nanoma yiyiphi indoda, futhi selulele ingubo yokulala ohlangothini lwayo lombhede, futhi. Yebo, ngokuba kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke. Manje siyazi i . . .

103 Lokho kwakungenxa yokuthi WayenguMhlatshelo. Futhi uJohane wayekwazi, ngoba ukubonile lokho kuKhanya phezu kwaKhe. Futhi uJohane wazithoba, engumuntu omkhulu kunabo bonke kwaze kwaba yilelohora. Kodwa ngenkathi ebona leNkosi enkulu uJesu eza, wathi, "Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe."

104 Kodwa ngenkathi Emtshela, "Kufanela ukuthi sigcwalise ukulunga konke."

105 Khona-ke uJohane waphenduka, azi, njengenceku kaNkulunkulu, njengomprofethi, ufanele agcwalise iZwi lalelohora, ngoba wayazi Lowo kwakunguMhlatshelo. Wayesanda kusho kanjalo nje, "Nakho kuza iWundlu likaNkulunkulu, iWundlu lomhlatshelo elizosusa izono zezwe." Futhi iWundlu kwakufanele ligezwe emcengezini ngaphambi kokuba lethulwe kumpristi. Amen.

106 Kufanela thina ukugcwalisa ukulunga konke, uma uthatha iGama leNkosi uJesu Kristu. Makuthi wonke owesilisa noma owesifazane, othatha iGama likaJesu, asuke esonweni.

107 Izivumo zethu namhlanje siqale ukuza nje njenge—nge anga-zi-ukuthi-ini, impicabadala ethize noma into ethize. Siyehla futhi sikhuleke umkhuleko cishe imizuzu emibili ubude, futhi sibuye sivuke; senze okuthize okungalungile, sithi, "O Nkosi, Uyazi bengingaqondile ukukwenza lokho, kodwa, haleluya, ngilungile," hamba. Qhabo, lokho akusikho, mfowethu.

108 Ufanele wesabe uNkulunkulu ngokuzisola. Ufanele uyivume leyonto. Ufanele uyilungise. Ungeke ukwenze . . . UJesu wathi, "Uma uya ealtare, ukhumbula umfowenu unotho ngawe, yana kuye kuqala ngaphambi kokuba unikele isipho sakho lapha,

ubuyisane nomfowenu." Niyabo? Kufanela thina, kithi, ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

109 Nani besifazane nezimfishane, izinwele eziphunguliwe, niyazi ukuthini? Kufanela kini ukuthi niyekele izinwele zenu zikhule futhi niziphathise okwenenekazi. Nina enigqoka izikhindi; zikhumuleni, gqokani izingubo. Kufanela kini ukuthi niziphathise okwamaKristu, kunjalo, ngoba iBhayibheli lathi lokho kuyiphutha. Owesifazane akafanele akwenze lokho.

110 Nani madoda obhema osikilidi, lokho akufanele. Nani madoda ovumela omkenu benze lokho, futhi khona-ke nithi ninga "madodana kaNkulunkulu," indoda na?

111 Esikhulu, isifungo esikhulu esathathwa emgubhweni womshado, "uthando, inhlonipho, nokulalela," sekuhambile. EMelika, owesifazane unelungelo lokwedlula. Awu, yonke indawo unelungelo lokwedlula. IBhayibheli lathi uyoba nalo ngaleyondlela.

112 Bathi abesifazane ungabashayeli abaqaphelayo kakhulu esinabo ezweni. Lokho yiphutha. Indodana yami nami, sinqamula isizwe, emuva naphambili, sigcina incwadi, futhi ngasosonke isikhathi kunalokho esikubiza ngephutha elidonswa emgwaqeni, uma kungowesilisa sikufaka ngaphansi kowesilisa, nowesifazane phansi kowesifazane. Futhi ngaphansi kwamaphutha angamakhulu amathathu esizweni sonke, kwakukhona amakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili-nanye abo abesifazane.

113 Bayisekela kanjani eyabo na? Ngenxa yemibiko ongeniswayo. Impela, wona amaphoyisa angeke ababophe labo besifazane ababukeka kahle uma benenombolo kathelefoni. Ngeke babanganise. Bayabadedela bahambe, futhi yingalesosizathu.

114 Niyabo, kuba yizwe lowesifazane. IBhayibheli lathi kuyoba ngaleyondlela. Impela. Ngakho umshumayeli epulpiti usethi nje akabe yinto efanayo, uyesaba ukusho noma yini ukuphikisana nakho.

115 Kodwa kufanela thina ukuba sigcwalise ukulunga konke. Kuzofanele kushiwo ndawondawo. Awubuki udumo lwakho nokuthandwa ngabantu lapha. Uyi—uyisiboshwa sothando eVangelini likaJesu Kristu, futhi ubophezelekile. Uyisiboshwa kuYe, futhi ungeke usho lutho okunye kodwa lokho uMoya oNgcwele okushoyo, futhi ushumayele into elungile. Kunjalo. Uba yisiboshwa sothando kuYe. Khona-ke awunandaba ukuthi kuyini, ufanele ugcwalise ukulunga konke. Umfundisi ufanele akukhulume lokho, nina bantu kakhulukazi bePentecostal, o—owazi kangcono kuno—kunokuyeka lokho kwedlule kanjalo.

116 Manje lapha esikhathini esithize esedlule, indoda edume kakhulu ifika kimi, yathi, "Ungeke yini wabayeka labo besifazane na?" Yathi, "Woza lapha, ngifuna ukubeka izandla

phezu kwakho futhi ngikukhulekele, ukuthi uzoqhubeka, futhi uqhubeke ukhulekele abagulayo." Yathi, "Ngani, abantu bakuthatha njengomprofethi."

Ngathi, "Angizange ngithi ngangingumprofethi."

117 Yathi, "Kodwa abantu bakuthatha kanjalo." Yathi, "Ufanele ngabe ufundisa abantu ukuthi zitholwa kanjani iziphiwo zokomoya ezinkulu."

Ngathi, "Yileyo indaba ngebandla namhlanje."

118 Yathi, "Hhayi ukubatshela ngokuthi bagunda izinwele zabo, na*lokhu*, *lokho*, *okunye*. Mina . . . " Yathi, "Ubufanele ubafundise ezinkulu, izinto eziphakeme."

119 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa uma bengeke ngisho bafunde o ABC babo na?" Kunjalo.

120 Ufanele uqale ndawondawo, ngakho yehlela ekugcineni futhi wakhe ukhuphuke. Ungazami ukuqala esicongweni; awunasisekelo. Futhi yileyo inkathazo ngakho namhlanje, bazalwane, abakuthathi Lokhu, "Kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke."

Qaphelani leziziNgelosi manje.

121 Futhi uJohane umBhaphathizi, uPawulu, abehlukene, ngenkathi bebona leyoNkazimulo kaNkulunkulu nalokho kuKhanya, bakhothama kuKho. Bona, yebo, baKwazisa, baKuhlonipha, ngenxa yokuthi bayazithoba.

122 Futhi leziziNgelosi, ngisho, ezikhonza eBukhoneni baKhe, zimboza izinyawo zazo futhi zimboza ubuso baZo. O, he! Manje qaphelani, ngokushesha manje, Yayinamanye futhi amaphiko amabili, futhi, ngalokhu, Yayingazibeka Yona uqobo emnyakazweni.

123 Manje inceku yangempela enjalo pho, kaNkulunkulu, yayazi, ikhombisa umprofethi ukuthi inceku yaKhe ezilungisele ifanele ibenjani. Ifanele ibenjani inceku ezilungiselele na? Manje lezizinceku zibuka e . . . Yayibuke u—umuntu emhlabeni lapha futhi ibona ukwehluleka akwenza, khona-ke uNkulunkulu wayikhombisa uMbuso eZulwini, isihlalo sobukhosi. YiloWo ofanele abukwe. Khona-ke Wamkhombisa ukuthi inceku yangempela ifanele ibenjani, eyakhonza eBukhoneni baKhe. Futhi lapha kwakuyilamaSerafi, khona-ke, amboza ubuso bawo obungcwele, amboza izinyawo zaWo, futhi ngamaphiko amabili Angena emnyakazweni; ngokuhlonipha, ukuthoba, nasemnyakazweni. Amen. Uma leyo kungesiyo inceku evunule, angazi ukuthi yini; ngokuhlonipha, ukuthoba, futhi nasemnyakazweni. O, he! Ngiyanitshela!

124 Njengowesifazane omncane emthonjeni, ngenkathi eqonda leso siphiwo sikaNkulunkulu, futhi loMuntu owakhuluma kwakunguMesiya, impela kwamfaka emnyakazweni ngokukhulu ukushesha. Wakhohlwa mayelana nembiza yakhe

yamanzi. Wagijimela emzini, ethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Lona akusuye yini uMesiya impela na?" O, umnyakazo onje angena kuwo!

125 UPetru, ngenkathi eMthatha eZwini laKhe, njengoba kade sikhuluma ngakho kulokhu ukusa, phandle lapho esikebheni. Niqaphelile na? Ngenkathi uPetru ethatha iZwi laKhe, futhi waphosela inetha yakhe phansi phakathi lapho, futhi wabamba u—umthwalo omkhulu wezinhlanzi, eziningininingi izinhlanzi, ngokushesha uPetru washiya inetha futhi wangena emnyakazweni. Ngaphambi kokuba enze lokho, wawa phambi kweNkosi, futhi wathi, "Suka kimi, O Nkosi, ngingumuntu oyisoni."

126 Uma lokho kungesiwo amazwi impela, njengokuthi, ukuthi umprofethi uIsaya wathi, "Maye kimi, ngokuba ngibonile iNkosi uNkulunkulu, futhi ngingumuntu ozindebe zingcolile."

127 Aniboni ukuthi uBukhona beNkosi benzani kumakholwa angempela na? Asifuni ngisho ukuvuma; sifuna nje ukuthi, "Awu, siyiPentecostal, siyiBaptisti, singamaPresbyterian," futhi siqhubeke siphile. Kodwa eyangoqobo yangempela, inceku kaNkulunkulu ebiziwe, iyazithoba eBukhoneni bukaNkulunkulu. AyiBugxeki.

128 Bukani ukuthi ubani owagxeka iNkosi uJesu, kwakungubaFarisi, ubuhlelo, babenguye owaMgxeka.

129 Kodwa umuntu owayethanda ngempela ukuba yinceku yaKhe, wazithoba futhi wangena emnyakazweni. UJesu wathi, "NizoNgilandela, futhi Ngizonenza abadobi babantu." Ngenkathi ebona ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu ngempela, wangena emnyakazweni.

130 Indoda eyimpumputhe eyaphiliswa, iBhayibheli lathi ya "sabalalisa udumo lwaKhe kulolonke izwe ndawo zonke." Yangena emnyakazweni ngenkathi ithola ukuthi uNkulunkulu wayenoMmele lapha emhlabeni, owayekwazi ukuvula amehlo endoda eyimpumputhe, futhi ihambahamba ifakaza, inikeza uNkulunkulu udumo. Futhi abaFarisi bayibamba, nokuthi kwakuzoba yini kuyo, futhi njengoba ngishilo kulokhu ukusa. "Ngani," yathi, "Angeke ngichaze, ngiphikisane nani ngesayense yezenkolo. Kodwa lento eyodwa engiyaziyo, lapho kade ngiyimpumputhe, manje ngiyabona." Yayisemnyakazweni, impela, ngoba yayisabalalise udumo lwaKhe ndawozonke.

131 Futhi, ngesiny'isikhathi, mhlawumbe awusuye umfundisi, ukusabalalisa udumo lwaKhe, kodwa impilo yakho iyosabalalisa udumo lwaKhe uma nje uzophila ngokuyikho.

132 Abantu abampofu ePhentekoste, lesosixuku samadoda angabadobi na—nabathelisi, nokunye nokunye, nemisebenzi ethobile. Benyukela lapho esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi balinda ekamelweni eliphezulu izinsuku eziyishumi. "Futhi khona manjalo nakho kwafika umsindo uvela eZulwini

njengomoya ovunguzayo, wagcwalisa yonke indlu lapho ababehlezi khona." Futhi bangena emnyakazweni, ngenxa yokuthi babebone isithembiso sikaNkulunkulu senziwa sibonakale. Saqinisekiswa kubo, isithembiso sikaNkulunkulu, futhi sabafaka emnyakazweni. Ngenkathi isithembiso saKhe sigcwalisekiswa, sabafaka emnyakazweni.

133 Mngani, mangisho lokhu. Esikubonile ngonyaka odlule noma emibili, eMbusweni kaNkulunkulu, bekufanele kufake wonke umKristu ozelwe ngokusha emnyakazweni. Kodwa into yakho ngukuthi, asi—asikuhloniphi, ukuqonda ukuthi nguNkulunkulu. Si—sithe ukuba nohlobo losikisiki oluncane nje. Sithanda ukubona izinto ezincane, futhi sinikeze ivuso. Siyathanda ukuzizwa sikahle. Sithanda ukwenza lezizinto. Kodwa uma ngempela kuza ekuKuhlonipheni ngempela nokuKukholwa ngenhliziyo yethu yonke, kusifaka emnyakazweni.

134 Awu, ngenkathi iNgelosi ihlangana noMariya ngalokho kusa endleleni eya emthonjeni, futhi yamtshela ukuthi waye "zoba neNgane, engazi ndoda," kwamfaka emnyakazweni. Wahamba ngokushesha, etshela wonke umuntu ukuthi waye "zoba neNgane, engazi ndoda." Wayengenandaba ukuthi kwakuchaza ukuthini kulokho abantu ababekushilo. Wayehlangane ngempela neNgelosi kaNkulunkulu, futhi kwamfaka emnyakazweni. Wayenokuzwa ukuthi uMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe, udala kuye ukuPhila.

135 O, uma kuphela besingaqonda lokho, ukuthi uMoya oNgcwele uphezu kwethu, udala kithi ukukholwa, uzama ukuzethula Yena uqobo ngezindlela eziningi kakhulu neziphiwo, ukudala ukukholwa kweBandla lohlwitho. Bekufanele kusifake emnyakazweni. Kodwa ngiyamangala ukuthi ngabe nje sikwenza ngendlela Ayefuna kube yiyo, ngenhlonipho nokuzithoba na?

136 INsika yoMlilo ngalolu izinsuku zokugcina ibifanele ukufaka lonke ibandla emnyakazweni, Yona iqinisekisiswa, izibonakaliso zokuFika kwaKhe seziseduze.

137 UIsrayeli usebuyele ezweni lakhe lendabuko. UJesu wathi, "Uma umkhiwane uveza imiphobo yawo, lesisizukulwane asiyikudlula kuze kugcwaliseke zonke lezizinto." Uma uIsrayeli ebuyela ezweni lakhe lendabuko futhi abe yisizwe, lesosizukulwane siyobona ukuFika kukaMesiya.

138 Ngathola uphisi ovela kurabi ePalastina, ngolunye usuku, kwakumangaza kakhulu. Kunomvini omncane, ngalonyaka, omilile ePalastina obungakaze ubonwe lapho amakhulu ngamakhulu ngamakhulu eminyaka. Futhi kubikezelwe, ngamaJuda, ukuthi uma leyomivini umila futhi, uMesiya usesendleleni yaKhe.

139 Izazi ezivela enhla eBabiloni, futhi zazitadisha izinkanyezi. Zazingosomkhathi. Futhi lapho zitadisha izinkanyezi, zazibona lezizinkanyezi ezintathu zishaya umugqa. UHamu, uShemi, nenkanyezi kaJafeti, abazalelwa phansi kwazo, zishaye umugqa, futhi zazi. Lawomakholwa esayense ayebhekisisa izidalwa zasezulwini, ukuthi zazinyakaza kanjani, futhi ngenkathi sezibone lezozinkanyezi zingena emgqeni phezu kweJerusalema. Ngokuba, ukuba zaziseBabiloni, zabheka ngqo ngaseJerusalema, ngaseNtshonalanga, ukukubona. Futhi ngenkathi zikubona lokho kungena, zazi ukuthi uma lezozinkanyezi zingena emgqeni enye nenye, uMesiya wayesemhlabeni. Udumo!

140 Futhi uma sibona uIsrayeli eya ekhaya, noMoya oNgcwele uthululwa emabandleni, izindaba zenkolo yonke yobukristu yokuhamba ndawonye, noMkhandlu wamaBandla, nezinto, nobuKatolika bamaRoma nobuProtestane buhlangana ndawonye, uMesiya uzofika ukuhlwitha uMlobokazi waKhe.

141 Futhi uNkulunkulu uthumela iziphiwo, ukuzama ukudala kithi ukukholwa okuzosisusa lapha, ngoluny'usuku, singene ekuHlwithweni; siphilisa abagulayo, sivula amehlo ezimpumputhe, sivusa abafile!

142 Izibonakaliso ezinkulu ezulwini ngaphezulu, iziNgelosi ziza ziwumshungu! Nososayensi bekubuka beqhela kukho, kwabikezelwa izinyanga kungakenzeki. Kwakulapho. Kulapho kwiphephabhuku. Kwashiwo izinyanga kungakenzeki! IziNgelosi eziyisikhombisa ziyehla, zase zithi, "Isambulo esiphelelisiwe semfihlakalo kaNkulunkulu yophawu lwesithupha iyosombululwa." Futhi kwakulapho impela nje njengoba Washo, kwabikezelwa kungakenzeki.

143 Futhi bayaqalaza, bathola lonke uhlobo lokubonakala okufiphele, futhi babiza lezozidalwa ezingaphezu kwemvelo ngolunye uhlobo. Bakubiza ngamasoso andizayo, izibonakaliso ezesabisayo ezibhakabhakeni, emhlabeni. Izibonakaliso, izibonakaliso zikhomba kithi ukuthi ukuFika kweNkosi uJesu sekuseduzane.

144 Manje umvini omncane uyaqhamuka. UIsrayeli uyisizwe sakhe uqobo. Unesizwe sakhe uqobo, iflege lakhe uqobo. Inkanyezi kaDavide endala enezincijo eziyisithupha, iflege elidala kunawo onke ezweni, liyabhakuza futhi, okokuqala cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Banombutho wabo uqobo. Banohlamvu lwabo uqobo lwemali. Base duze . . . bamelwe eNhlanganweni yeZizwe. Bayisizwe, okokuqala iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Futhi ngenkathi besabuthana e . . .

145 Ngineteyipu yakho, isithombe, sisibiza ngokuthi *Imizuzu emiThathu Nce kushaye Iphakathi nobusuku*. Futhi kulokho, babuza lamaJuda, bewangenisa, amadala, emhlane wabo,

bewathwele. Bathi, "Ngabe nize ezweni lendabuko ukuba nife na?" "Qhabo, siza ukuzobona uMesiya." Amen. Uma nibona leyomibuzo, leso isiqephu sekhalenda kaNkulunkulu, ukuthi uMesiya uselungiselela ukubonakala. O, he!

146 Sifanele sizithobe. Besifanele kanjani ukuhlonipha! Besifanele kanjani ukuba semnyakazweni, sizama ukuthola wonke umphefumulo ukuba usindiswe esingawuthola, sisabalalisa izimbewu kusukela kwesokudla kuya kwesokunxele, futhi senza konke esingakwenza.

147 Kodwa esikhundleni salokho, sithi, "Udumo kuNkulunkulu, kuthi angingayi kulobubusuku. Ngiyakholwa, awu, ngikholwa ukuthi ngizohlala ekhaya futhi ngibone lokhu ukusakaza okuhle kulobubusuku. Ngumhlangano womkhuleko, kodwa . . . " Ibandla elilele, elaseLawodekiya, elicebile! O, he! Nakho lapho esikhona.

Kufanele kusifake emnyakazweni.

148 Thina, njengomprofethi, sikubone kuphuma ekuziphakamiseni, amahlelo. Sibona impela namhlanje, ebandleni, okwenzekile, njengoba uIsaya abona. Wabona indoda nokho ihlonishwa nguNkulunkulu, kodwa sayibona, wayibona iziphakamisa futhi yashaywa ngochoko. Thina namhlanje, sibona into efanayo, yamahlelo aziphakamisile, "Singesikhulu kunazo zonke sesigejane. Sinamalunga amaningi kunabo bonke abanye." Ukuziphakamisa, sibona uchoko lokungakholwa lubashaya, futhi bakhishelwa ngaphandle.

149 Manje-ke besifanele ngabe sibheke umbono ovela eZulwini, ozosikhombisa uJesu Kristu phakathi kwethu, iZwi laKhe elithenjisiwe ukuthi Uyokwenza, yebo, mnumzane, singathonyiwe yinqubo ethize eyenziwe ngumuntu, kodwa sithonywe nguNkulunkulu qobo lwaKhe.

150 Siyabathola, njengo Uziya, balahlekelwa ukubambelela kwabo eZwini, ngoba baLishintshanise ngezivumokholo, bezama ukuzenza njengoUziya wasendulo, bezama ukuthatha indawo yesikhundla esigcotshiwe emva komsamo, futhi benqaba iZwi likaNkulunkulu eliqinisile. Abasenamsebenzi emuva lapho kunoma kwenza u-Uziya kulokho, ngakulelo altare, nempepho. Indoda ezisho ukuthi ingumKristu, futhi iyophika amaqiniso eZwi, ayisenamsebenzi epulpiti kunalowo u-Uziya ayenawo ngaleso—ngalesositsha sokuthunqisela impepho. Indoda eyayizisho ukuthi ibhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, futhi yabusiswa nguNkulunkulu, futhi iyosukuma futhi iphike leloBhayibheli neQiniso laLo, iLishintshanise ngesivumokholo noma into ethize, nje igcwele nje uchoko lwesono nokungakholwa njengoba u-Uziya wayenjalo.

151 Wakhishwa esikhundleni, kodwa bazama ukugcwalisa lesosikhundla ngesihlakaniphi. "NginguDokotela Ph.D., LL.D. *uS'bani-bani*." Niyabo, bazama ukuthatha lokho futhi

baphikelele ngemfundo ogcobweni lukaMoya oNgcwele. Niyabo, ngakho-ke, indoda ingathatha leloBhayibheli, nesinye isikhungo esikhulu singakuchaza futhi sikuhlakaze, futhi sikweneke lapha futhi sikulungise kahle ukukwenza kubukeke kukuhlanyana kuwe. Leso yisihlakaniphi. Lokho kungenxa yokuthi yatadisha yatadisha, ngalamagumbi nezinto, ukuthi kuhlanganiswa kanjani.

152 Kodwa ake nginitshele okuthize. Uma uNkulunkulu ehlela eZwini laKhe, Akalihlanganisi kuphela, UyaLibonakalisa phandle lapho futhi alenze Liphile, futhi aLiqinisekise futhi aLifakazise, ukuthi liyiQiniso. Lelo yiqiniso leZwi. Lokho kungenkathi uNkulunkulu ekusho Yena uqobo.

153 Umbono wathinta umprofethi. O, imiphumela umbono owawunayo phezu kwakhe! Wabangela lomprofethi . . .

154 Manje, khumbulani, wayekade ebheka indoda. Kodwa ngenkathi ebona into ethize yangempela . . . Wayekade ebhekisise impilo engcwele yendoda, wayibhekisisa yehluleka, uyibone ithatha uchoko futhi ifa. Nibuka into efanayo emahlelweni enu. Niyabona lapho onke eye khona na?

155 Manje lomnyakazo omkhulu wenkolo yonke yobukristu. Uma ibandla lingekho kulomnyakazo wenkolo yonke yobukristu, ngesikhathi so—sokuphuthuma, lelo bandla lingesetshenziswe njengebandla. "Futhi akukho mfundisi ongakhonzisa kunoma ubani, uyobulawa ngokwenzenjalo. Uma ekhonzisa noma yisiphi isibusiso kubantu ngaphandle, ukanye nomnyakazo wenkolo yonke yobukristu." Lokho impela kusemibhalweni namhlanje, ngomLuthela; ngiyalikhohlwa igama lakhe. Niyabo, kunjalo. "Isonto lakho kungekhonzelwe kulo; liyokwenziwa isitolomu." Niyalubona uphawu lwesilo seluvele lungena ekusebenzeni, futhi siyalubuka. Isikhathi, o, bekufanele kufake ibandla emnyakazweni. Ngempela, bekufanele.

156 Bhekisisani imiphumela yombono manje, ukuthi wenzani kumprofethi. Wambangela . . . emva kokubhekisisa leyondoda, futhi ekubona kwehluleka. Wabona uNkulunkulu eyithukuthelela indoda, futhi wahosheka kuyo, futhi wayishaya ngochoko.

157 Kwase kuthi-ke wehlela ethempelini, ukuba athi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyazi UnguNkulunkulu. Futhi bengibuka into engafanele." Wayese-ke uNkulunkulu emkhombisa umbono. Futhi kungesiwo umbono kuphela, kodwa umbono waqinisekiswa; ngoba, phakathi kwabo kwakungamaSerafi endiza eya emuva naphambili, futhi ngisho nephimbo laWo langqangqazelisa indlu ngenkathi lihlangana, izinsika zalo.

158 Kwase kuthi-ke, niyabo, wabona into ethize yangempela. Futhi, nokho, wayengumprofethi. Wayeyi . . . U—umprofethi uyilowo iZwi eliza kuye. Kodwa wayengakaze aphumele

endaweni emzungezile kungengaphezu kwalokho ayekade ekubuka, iqhawe lakhe, u-Uziya, ebuka umelusi, u—umfo omkhulu. Futhi ngenkathi esebone ukwehluleka lapho, kweZwi, futhi wabona iZwi lisola indoda ngoba wayezithathela isikhundla ayengenamsebenzi ukuba abe kuso, kwasekwenzekani-ke na? Wabuka phezulu, wayesebona iNkosi.

159 Ningayifunda ivaliwe na? Niyakubona engikushoyo manje na? INkosi uJesu eyethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Yena impela uNkulunkulu owaloba iBhayibheli, wathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Wayesethi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Niyakuthola engikuqondile na?

160 Kwase kuthi-ke leyondoda enhliziyo iqotho yabona iNkazimulo kaNkulunkulu, yaYibona emnyakazweni. Futhi yamemeza, njengesoni, futhi yazivumela ukuthi iyisoni. Yayingakaze ibone noma yini enjalo, iyiyo ngempela, ngaphambili. Yavuma ukuthi yayiyisoni.

161 Kwase kwenzekani-ke na? Ngenkathi umprofethi eselungele ukuvuma, khona-ke kufika ukuhlanzwa kwangempela.

162 Abantu aze alungele ukuvuma, akukho sidingo sokuba nelezizinkonzo zokuphilisa. Uma nizovuma izono zenu, nivume ukungakholwa kwenu, nivume izinto enizenza ngokungafanele, khona-ke uNkulunkulu angenza into ethize. Kodwa kuze kubekhona ukuvuma, kungebebikho kuhlanza.

163 Futhi wathi nje uIsaya angathi, "Maye kimi! Ngingumuntu ozindebe zingcolile, futhi ngihlala phakathi kwabantu abazindebe zingcolile." Manje-ke kufika ukuvuma, ukuthi, manje-ke kufika iKherubi noMlilo. Niqaphelile na? UNkulunkulu akazange asebenzise ikholiji ukumhlanza ngalo. Akazange asebenzise i—incwadi yomthetho ukumhlanza ngayo. Wamhlanza ngoMlilo.

164 UNkulunkulu njalo uhlanza izinceku zaKhe, uma Elungiselela ukuzifaka emsebenzini eziwumiselwe, ngoMoya oNgcwele noMlilo. UNkulunkulu uhlanza ngoMlilo; hhayi ngezincwadi, hhayi ngemfundo, hhayi ngomqondo wezihlakaniphi, hhayi ngehlelo. Kodwa ngoMlilo kaMoya oNgcwele, uNkulunkulu uhlanza inceku yaKhe.

165 Manje-ke qaphelani, manje-ke, emva kokuvuma, emva kokuhlanza, khona-ke kufika ukuthunywa. Manje-ke kwakungukuthunywa. Emva kokuvuma nokuhlanzwa, kwaba ngukuthi-ke ngaleyonkathi ukuthi uIsaya ohlanzekile waphendula uNkulunkulu, wayesethi, "Ngilapha mina, ngithume mina." Emva kokuba esehlanziwe, wavuma, wahlanzwa ngoMlilo, manje-ke lowoIsaya ohlanzekile wayeselungele umsebenzi. Wayeselungele ukuba yisibonelo.

Wayeselungele ukukhipha impilo yakhe, ukuze abanye bathonywe nguye.

166 Kodwa aze ukuba wayesekuvumile, kwaze ukuba wase ehlanziwe, ngaleyonkathi wayesenokuthonya okuphansi kabi, njengencelebane nje yenkosi.

167 Manje usehlanziwe, manje usevunyiwe futhi wahlanzwa, futhi wabizwa futhi wathunywa ukuba abe ngumprofethi. NoNkulunkulu wamvumela ukuba abhale lonke iBhayibheli, eziNcwadini zeBhayibheli ezingamashumi ayisithupha-nesithupha, kunezahluko ezingamashumi ayisithupha-nesithupha zikaIsaya. Uqalisa kuGenesisi; maphakathi neNcwadi kufika uJohane umBhaphathizi; futhi ahambe ayothi ngqu ngale ekubuseni kwesikhathi esiyiminyaka eyiNkulungane, kuIsaya 65 nama 66, kunjalo, iSambulo. Waloba wonke umklamo weBhayibheli. Ngani na? Ngoba wazithoba ngenkathi ebona uBukhona bukaNkulunkulu.

168 Wenzani na? Futhi okwakhe, emva kokuba enze lokho, futhi wazithoba futhi wahlanzwa wayesebekwa eceleni, futhi wahlanzwa futhi wathunywa, uthonye izigidi zabantu. Nansi iNcwadi yakhe, nakhu ukuBhala kukaIsaya okuthonye amadoda kusukela ngalesosikhathi kwehlele kulesi. Ukuthonya kwakhe kuyaqhubeka.

169 IBhayibheli lathi, "Imisebenzi yabo iyabalandela." Njengoba uMoya oNgcwele watshela uJohane, eSambulweni, noma esiQhingini sasePatmose, "Umele uprofethe futhi phambi kwamakhosi nezizwe nabantu." INcwadi yeSambulo isaprofetha. "Baphumule emisebenzini yabo, kepha imisebenzi yabo iyabalandela." Ukuthonya kwabo ababenakho, kusabalandela. Niyabo? Impela, kunjalo.

170 Futhi manje, namhlanje, sithola into efanayo, ukuthonya okuningi. Sifanele sithonye.

171 Ngaphambi kokuba sikwazi ukuthonya, sifanele simqonde uNkulunkulu, sifanele sihlanzeke, sifanele sithobe. Sifanele sizehlise, futhi sazi, nje ulokhu ucabanga futhi wazi ukuthi umncane kangakanani. Awulutho. Angilutho. Futhi namunye wethu akalutho, kodwa Uyikho konke. Ufanele lonke udumo, O Wundlu likaNkulunkulu. Esikudingayo ngukubuyela ethempelini, sidinga ukubuyela ealtare likaNkulunkulu nokwenza ukubizela ealtare ezinhliziyweni zethu uqobo, lapho esingakwazi khona ukuzinikela thina uqobo, bese-ke sibona iNkosi uNkulunkulu wamabandla ehla ngalezizinsuku zokugcina futhi enze Akwenzayo ngenkathi Elapha kuqala. Khona-ke nizokuqonda, futhi nimemeze, "Maye kimi!"

> Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,
> Limenza mhlophe qwa,

Lapho iPhimbo likaNkulunkulu lithi, "Ngubani oyakusiyela na?"
Khona waphendula, "Nkosi, lapha, ngithume mina."

172 Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asilicule.

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyo. . .shesha ukungiphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyophendula, "Nkosi, ngithume mina."

Lalelani, bangani.

Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni;
Lalela ekukhaleni kwabo okulusizi nokumuncu;
Shesha, mfowethu, shesha ubophule;
Ngokushesha phendula, "Nkosi, ngilapha."

Manje khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyophendula, "Nkosi, ngithume mina."

173 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asikhothamise amakhanda ethu manje, okomzuzwana nje, futhi sihamishe leli. [UMfowethu uBranham uqala ukuhamisha.]

Ilahle loMlilo lithinte umprofethi,

174 Asilihamishe manje. [Ibandla lihamisha njengoba uMfowethu Branham eqhubeka ecula—Umhl.]

Limenza mhlophe qwa,
Lapho iPhimbo likaNkulunkulu lithi, "Ngubani oyakusiyela na?"
Khona waphendula, "Nkosi, lapha, ngithume mina."

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyoshesha ukuKuphendula;
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,
Khuluma, futhi ngiyophendula, "Nkosi, ngithume mina."

175 Baba waseZulwini, silindele ukuhlanzwa kwakho konke ukungakholwa, ngokuba qiniso izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni. Kuhle ngani, Nkosi, kwenzani, ukuthi si—ukuthi sizisho, ngaphandle kokuba sibe nalokho esizisho ukuthi sinakho na? Kusisiza kanjani ukuzama ukucabangela nezihlakaniphi zethu ukuthi kwenzeke into ethize, sibe sazi ukuthi ngempela akwenzekanga na? Baba wethu

waseZulwini, sikhulekela ukuthi Uzosihlanza manje kukho konke ukungakholwa kwethu, nangazozonke izinto zethu zokwenyama zokuphila, ukuze sihlanzeke ngeGazi leNlosi uJesu.

176 Leliqembu lapha eChicago, ngalowombono ngokunye ukusa, Nkosi, ngiyazi kunengxenye yalowoMlobokazi elinde lapha, futhi angazi nje ukuthi kungabanjwa kanjani, Nkosi. Ngihlwanyela izimbewu nje lapho engingakwazi khona. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, uma bekhona lapha, kulobubusuku, o—ongena—ongenaso lesisehlakalo, ukuthi abakaze futhi babone uMbuso kaNkulunkulu wangempela ubonakaliswa, bengakaze bayizwe imiphumela yakho, futhi babone izimpilo zabo ukuba zibambisane kulolonke iZwi, futhi zingakwenza, kanjalonjalo; Nkosi, yipha kulobubusuku ukuthi lobu kuzoba ngubusuku abazokwenza ngabo. Siphe khona, Baba. Sikhuleka lokhu eGameni likaJesu. Amen.

177 Manje ngenhlonipho yokuzithoba. Ngi—ngiqinisekile ningazi kahle ngokwenele, noma ngethemba ukuthi niyangazi. Angisilo uhlanya. Uma ngiyilo, a—angikwazi. Futhi angikholwa ukuthi uNkulunkulu uhlonipha izinhlanya. Yonke leminyaka, nasensimini, bekuba khona okuthize okwenzekayo. Ngingumfowenu. Kodwa ngi—ngiyakholwa ngayoyonke inhliziyo yami ukuthi . . . Manje ngeke ngasho ukuthi iNkosi ingitshelile kodwa ngikholwa ukuthi lesisizukulwane esiphila manje siyozibonela loloHlwitho. Kusondele kangako-ke, ngiyakholwa. Angiboni lutho olunye oluzayo. Niyabo, yonke into isinyukele ngqo endaweni yayo.

178 Niyayikhumbula into yokugcina eyenzeke ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe na? INkosi yabonakaliswa enyameni yomuntu. Manje, Yayingumuntu. Idla inyama futhi Yaphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi idla isinkwa sommbila, futhi idla ithole lenkomazi, futhi yama lapho futhi iyadla. Futhi nokho uAbrahama, owakhuluma kuYo, washo ukuthi kwakungu "Nkulunkulu uSomandla." Esenyameni yomuntu na? Yebo. Wayekhombisa isibonelo salokho Ayezokwenza ngezinsuku zokugcina. UJesu wabuye wabhekisela kukho.

179 Futhi bhekisisani inkonzo Ayenzayo. Into yokuqala, Wabhekisela emuva esithembisweni saKhe. Mm! Niyalubona uhlangothi lwesayensi yezenkolo yakho na? Niyabo, Wathi, "Ngakwenzela isithembiso, futhi manje seNgilapha ukusiqinisa." Futhi manje sazi kanjani ukuthi lesosithembiso si . . . Kubhekisiseni lokho. Babelindile. Ngaphambi nje kokuba umlilo wehle, uAbrahama noSara wayelindele indodana ethenjisiwe. UNkulunkulu wabonakala enyameni yomuntu futhi wenze izibonakaliso phambi kwabo, uJesu abhekisela ukuthi kuyoba yinto efanayo ekuFikeni kwaKhe, ukuthi Yena iNdodana ethenjisiwe. Futhi sikuqaphelile lokho manje i, kuqhubeka, iminyaka eyishumi nanhlanu.

180 Futhi ibandla lisalokhu liya ngokuba libi kakhulu. Akumangalisi, singabona ngempela ukuthi sisoNyakeni waseLawodikeya.

181 Manje uMoya oNgcwele ulapha. Bangahle babekhona phakathi lapha . . . Si, si, sine, kade si—sikhulekela abagulayo, kodwa ngenza ukubizela ealtare. Ngenza ukubizela ealtare kubo bobabili abazisho ukuthi bangabakholwayo nalabo abangakaze bakwenze ukuba bazisho ukukholwa. Nginicela ukuba niye nami ethempelini likaNkulunkulu, eliphakathi kwenu. Yanini endlwaneni yokuvuma yenhliziyo yenu, bese nithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngihlanze. Futhi thumela iNgelosi, inelahle loMlilo, futhi—futhi isuse kimi konke ukungakholwa, ukuthi kulobubusuku ngingahle ngibuqonde uBukhona bukaNkulunkulu, njengoba uIsaya umprofethi wenza ngenkathi iNgelosi imthinta." Ngifuna nikwenze lokho, futhi nibe qotho ngempela.

182 Futhi manje sinesithembiso salonyaka. Asethenjiswanga isigejane esikhulu sesayensi yezenkolo. Sithenjiswe . . .

183 Bukani, a—amaHeberu ayeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesesayensi yezenkolo, kodwa ayenesibonakaliso anikwa sona ngaphambi kokuba abhujiswe. ULoti nabo babanesinye isibonakaliso abanikwa sona. Babona isibonakaliso esifanayo. Futhi manje uma uNkulunkulu evumela abantu . . . Ngenkathi uJesu elapha, Wenza lososibonakaliso esifanayo kumaHeberu, Wasenza kumaSamariya, futhi hhayi kwabeZizwe.

184 Manje lokhu ngukuphela koNyaka wabeZizwe, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi onyakeni wabo. IBandla labeZizwe liyabizwa. Manje, uNkulunkulu angeluguqule uhlelo lwaKhe, ngoba Ungongenasiphelo, futhi Uphelele, osezindaweni zonke, owazi konke, onamandla onke, nongenasiphelo. Uma Engesuye, Akasuye uNkulunkulu. Ngakho, niyabo, Uzofanele enze into efanayo Ayenzayo ngaleyonkathi. Yingalesosizathu babazi kuzozonke izizukulwane ukuthi Wazibonakalisa Yena uqobo, kwakuyindlela efanayo, azi ukuthi Uyafana.

185 Manje, ukuba uJesu Kristu ubemi lapha, kulobubusuku, kulomsamo; ukuba Ubemi lapha, into kuphela Abeyoyenza, bekuyoba yinto efanayo Ayenza ngenkathi Esemuva lapha, ukwenza abantu baqonde ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

186 Manje Ulapha. Wethembisa ukuba lapha, futhi manje indlela kuphela Angasebenza ngayo ingesithembiso saKhe. "NgingumVini; nina ningamagatsha." Namagatsha ayafakaza ukuthi ukuphila kuvela emvinini, kungenjalo awunakuphila kuwo. Kodwa uma unikwa amandla ngukuphila, unokuphila okufanayo umvini onakho. U—uziphoqa wona, noma uzifuqela wona phezulu egatsheni.

187 Manje hloniphani ngokuzithoba umzuzwana. Futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angangisiza, ukuthi, nina enikulentshumayelo engiyishumayelile, ukuthi ngenkathi... uIsaya, lelokholwa, ngenkathi efika endaweni ayebone kuyo ukwehluleka kwendoda eyazama ukumela uNkulunkulu, khona-ke wabona uNkulunkulu ehla, nobuqiniso kukho, khona-ke wamemeza, "Maye kimi!" Ngoba, uNkulunkulu wayenze isithembiso esinjengaleso. Wasenza esizukulwaneni ngasinye. Usenza kithi, kulesisizukulwane sethu. Sibona yonk'into impela ihlelekile ngokuFika kwaKhe.

188 Manje niyakholwa ukuthi Ulapha na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje kwangathi Angangisiza.

189 Futhi ngifuna ukwazi bangaki abantu abagulayo okhona lapho, phakamisani izandla zenu. Ninokukholwa. Futhi manje nginicela ukuba nithathe lomBhalo amaHeberu, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu, futhi Unokuzwelana nobuthakathaka bethu."

190 Manje khulekani, "Nkulunkulu, mangiKuthinte. Bese uthi Wena, ngokuphendula, uphendule ngoMfowethu Branham, njengoba Wenza ngeNdodana yakho yangempela. Ungumntwana wesimo sobuntwana nje, njengoba nginguye. Kodwa Wethembisile ukuthi ngalolu izinsuku zokugcina Uyokwenza. Manje, Nkosi, mangibone into ethile yangempela." Futhi khulekani.

191 Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, phezu kwezisekelo zenhliziyo yami ezithululelwa eChicago nanoma yikuphi lapho engiya khona, kwangathi Angakuqinisa ukuba kube njalo.

192 Leyondoda esanda kusukuma nje emuva esihlalweni sayo, ingumfo omkhulu, ihlezi ngokuqonde ngqo phambi kwami lapha, ephakamise izandla zayo. Qhabo, le engemuva, efake iyembe elimhlophe. Akusuwena ngempela ngqo, kodwa ukhulekela omunye umuntu. Ngumfundisi. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi yini engalungile kuye na? Unenkathazo yenhliziyo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Mkholelwe manje.

193 Uma uzokukholwa nje! Kodwa ufanele ukukholwe. Uma ungakukholwa, ngeke kusebenze. Indoda ngokuqotho.

194 Lapha, lapha, lapha kuhlezi owesifazane ehlezi phansi ngqo lapha ngapha ekugcineni, owesifazane wesibili emuva ohlwini lwesibili lapha, khona lapha. Uphethwe yinkathazo yenanzi. Isifo esithelelwanayo enanzini yakhe. Inenekazi elincane ekugcineni lapho, lithe ukuba nekhanda elimpunga, yima ngezinyawo zakho ukuze abantu bakubone. Yebo, lowo nguwe. Lelo yiqiniso. Isifo esithelelwanayo enanzini, kanti futhi unezinye izinto ezingalungile, izifo ezelakanyanayo. Uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho.

195 Manje uthinte bani na? Hhayi mina. Uthinte Yena. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

196 Nanti inenekazi lihlezi emuva khona lapha. Linenkathazo, ihlokoma ekhanda lalo, ngukwethuka, isifo eselakanyanayo. Nkk. Pfeiffer, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Sukuma ngezinyawo zakho. Angikwazi, kodwa uJesu Kristu ukunika isifiso sakho. Angikaze ngilibone empilweni yami; liyisihambi kimi. Sizonqamuka. Ungakhathazeki. Ukukholwa kwakho kukuphilisile.

197 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Aniboni ukuthi yilokho Akwethembisa na?

198 Leyondoda ehlezi emuva lapho. Lapho, anikuboni lokho kuKhanya na? Imbi kabi. Ibinesigaxa emphinjeni wayo. Ibe nokuhlinzwa; udokotela akayiniki ithemba elingako ngakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakwemukela, Mnu. Stonelake na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Kulungile, sukuma ngezinyawo zakho, uJesu Kristu uzokusindisa.

"Uma ukholwa!"

199 Leli nenekazi elilele ngapha kuloluhlaka. Kusobala, awunakhadi lomkhuleko, ayikho into enjalo manje. Ufe uhlangothi. Uyakukholwa lokhu ukuthi kuyiQiniso na? Uyakholwa ukuthi okuzwile kulobubusuku kuyiQiniso na? Uma ulala lapho, uzofa. Kodwa uJesu Kristu angakuphilisa ukufa uhlangothi. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza na? Uma uzokukholwa futhi uzokwemukela, khona-ke ungasukuma uphume kulolo hlaka lombhede futhi uye ekhaya, ngeGama likaJesu Kristu, futhi usindiswe.

200 Nanto liza, liphuma ngqo kulo. Omunye akaliphakamise kancane lapho manje, life uhlangothi. Omunye . . . Nanto lizizela lona, lisukuma liphuma esihlalweni, seliphilile, eGameni likaJesu Kristu.

201 Niyakholwa ngayo yonke inihliziyo yenu na? [Ibandla liyajabula—Umhl.] Yimani ngezinyawo zenu-ke futhi . . .

202 Nakho kuza owesifazane ofe uhlangothi ehamba edabula ezethamelini! . . .? . . .

Khuluma, Nkosi yami, gcoba.

Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

203 Nanso enye indoda, ebife uhlangothi, iphuma ohlakeni lombhede; isukuma iphuma ohlakeni lombhede, idumisa uNkulunkulu!

Niyakholwa na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

204 Uphi lapho omunye na? Zonke izinhlaka zemibhede azisenalutho, yonke into! Bonke abantu bami ngezinyawo zabo, bedumisa uNkulunkulu!

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi!

205 Nango owesifazane ofe uhlangothi enyukela emsamo! Akadunyiswe uNkulunkulu! Mnikeni inkazimulo nodumo!

206 Nansi enye indoda yenyukela emsamo. Ibukeni yenyuka ngezitebhisi, uMfowethu Fitch.

207 Asinike uNkulunkulu udumo. Phakamisani izandla zenu futhi ninike uNkulunkulu udumo. [Ibandla liyaqhubeka lidumisa uNkulunkulu—Umhl.]

